# SIYINI ISIGABA 13A?

Isigaba 13A (S13A) siyisigaba soMthetho Wezikhwama Zempesheni. Ubeka ukuthi Abaqashi kumele bakhokhe izinkokhelo zezikhwama zempesheni abayingxenye yazo, ngokomthetho waseNingizimu Afrika.

UMthetho uthi:

***"Noma iyiphi inkokhelo eyenziwa esikhwameni ... izodluliselwa ngqo ku-akhawunti yesikhwama ... hhayi emva kwezinsuku eziyisikhombisa emva kokuphela kwenyanga okumele ikhokhelwe."***

Isibonelo, njengoMsebenzi, uyilungu le-Old Mutual SuperFund. Ngakho, uMqashi wakho unesibopho ngokomthetho sokukhokha izinkokhelo zomhlalaphansi, ezidonswa njalo ngenyanga emholweni wakho iye ku-SuperFund ungakadluli umhlaka 7 enyangeni ngayinye. isib. Imali yakho edonselwe uMashi emholweni wakho idinga ukufinyelela ku-SuperFund ungakadluli umhlaka 7 Ephreli.

## Kwenziwanjani kuMqashi uma izinkokhelo zifike emva kwesikhathi?

- Isikhwama kufanele sikhokhise uMqashi inzalo yokukhokha ngemva kwesikhathi njengokusho koMthetho.
- Uma ikhokhiwe, inzalo ifakwa emalini yomhlalaphansi yaMalungu ukuze banxephezeleke ngokulahlekelwa ngokwezimali okungenzeka bahlangabezane nakho ngenxa yokukhokha ngemva kwesikhathi kanye notshalomali lwezinkokhelo.
- Ama-Trustees e-SuperFund anesibopho sokubika Abaqashi abangathobeli iSigaba 13A se-Financial Sector Conduct Authority (FSCA) kanye nabe-South African Police Services (SAPS).
- Isikhwama sinesibopho sokwazisa Amalungu ngokuqondile, ngokuwabhalela, uma Umqashi engahambisani nanoma yiziphi izimfuneko.
- Imiphumela yokungathobeli imithetho ingahluka kusukela ezinhlawulweni ezingeqile ku-R10 million kuya ekubhadleni ejele iminyaka eyi-10.

## Izinguquko zakamuva


Kusukela ngomhlaka 19 Febhuwari 2023, futhi ngaphezu kokukhokha izimali ezibalulwe ngenhla, kube yimpoqo ukuthi Umqashi ahlinzeke i-SuperFund imininingwane ethile. Lokhu kubandakanya:

| | | | |
|---|---|---|---|
| **1** | igama eliphelele | **6** | imininingwane yanoma yiziphi izinkokhelo ezengeziwe ozifaka ngokuthanda kwakho |
| **2** | usuku lokuthola ubulungu | **7** | ikheli le-imeyli (uma ikhona) |
| **3** | usuku lokuzalwa | **8** | ikheli leposi |
| **4** | inombolo yentela yomholo | **9** | ikheli lalapho uhlala khona |
| **5** | inombolo kamazisi waseNingizimu Afrika noma inombolo yephasiphothi | **10** | inombolo yokuxhumana, kubandakanya(uma ikhona) inombolo yeselula |

## Mina ngizozuzani?

Uma Umqashi wakho ekhokha izinkokhelo zakho ngesikhathi, utshalomali lungenzeka ngokushesha.
Uma imininingwane yakho inembile, ungakwazi ukulandelela izimali zakho ozilondolozele umhlalaphansi 24/7 nge-WhatsApp noma i-Secure Services.

Sikena le QR code ukuze ukwazi ukufinyelela Isitatimende Semihlomulo yakho nge-WhatsApp.



Chofoza lapha ukuze uthole umhlahlandlela wokuthi ungabhalisela kanjani i-Secure Serviceso.

## Imininingwane yakho iphephile uma inathi

I-SuperFund ikwethembisa ukuthi ngeke ulokhu ushayelwa izingcingo noma uthunyelelwa ama-imeyli angahlobene ngqo nemali yakho oyibekele umhlalaphansi. Ukuphela kwento ozoyithola kithina ulwazi olusemqoka nokuxhumana nawe singakufihleli lutho.

Ukuze uthole imininingwane ethe xaxa, vakashela i-SuperFund Communications Hub lapha.

**Bewazi nje?**

**I-SuperFund isiza amalungu angaphezu kuka-456 000 Bakhulise imali yabo abayilondolozele umhlalaphansi futhi baqinisekise umhlalaphansi.**



Old Mutual Life Assurance Company (SA) Limited is a licensed FSP and Life Insurer.